



agriculture
& rural development

Department:
Agriculture and Rural Development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

**INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA
KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA, UMNU. THEMBA MTHEMBU,
AKAYETHULA EMCIMBINI OBANJELWE KWAMACHI WOSUKU LOMHLABA
LOKUBUNGAZA ABASIFAZANE BASEZINDAWENI ZASEMAKHAYA KANYE
NOKUGUBHA USUKU LOMHLABA LOKUDLA**

16 OCTOBER 2018

Inkosi MN Machi

Inkosi Z Jali

Inkosi BP Zungu

Inkosi MC Dlamini

Amalunga eziGungu zesiShayamthetho

Khansela MA Chiliza

IziMeya zemiKhandlu yaseMakhaya, OSomlomo

AmaKhansela wonke

**Amalunga amaKomiti abaholi emNyangweni wezoLimo
nakowezeNhlalakahle yoMphakathi**

UMphathiswa waKwaSASSA esiFundeni saKwaZulu Natali

UMphathiswa womNyango wezaseKhaya esiFundeni saKwaZulu Natali

Izinhlaka zikaHulumeni

IziSebenzi zikaHulumeni

Ubuholi bezinhlangano zabalimi

BaFowethu noDadewethu

Kuyintokozo enkulu ukuba lapha kanye nani namuhla KwaMachi, ku Ward 10, sizoBungaza uSuku loMhlaba lwabeSifazane baseMakhaya kanye noloMhlaba loKudla.

Izolo ngomhlaka 15 ku Okthoba, bekuwuSuku loMhlaba lokuBungaza abeSifazane baseziNdaweni zaseMakhaya olwasungulwa yiNhlangotho yoMhlaba yeZizwe eziBumbene (United Nations), ngenhloso yokuqhakambisa indima negalelo

labesimame basemakhaya entuthukweni yezolimo, emiphakathini yaseMakhaya, ekuqinisekiseni ukuthi kuba nokudla okwanele kanye nasekulwisaneni nendlala.

Ngokusho kwaleNhlango yeZizwe zoMhlaba eziBumbene, abesifazane basemakhaya bakha isibalo esiyisigamu kwisibalo sabantu bonke emhlabeni kanti futhi uma kubalwa izisebenzi embonini yezolimo emhlabeni jikelele kutholakala ukuthi u 43% ungowabesifazane basezindaweni zasemakhaya. Bakwethu, laba bantu besifazane basezindaweni zasemakhaya yibo abahlakula amasimi, batshale imbewu eyondla izizwe, yingakho-ke indima abayenzayo kungamele ibukeleke phansi. Yize-ke benegalelo elibaluleke kangaka, okukhalisayo ukuthi uma sekuziwa ebuninini bomhlaba, ekutholeni izinsizakulima kanye noxhaso lwezimali olubhekene nabo bashiywa ngemuva njalo.

Namuhla, njengoba bengishilo phambilini, siGubha futhi uSuku loMhlaba loKudla, okuwusuku olunedumela kwiKhalenda leNhlango yeZizwe zoMhlaba eziBumbene. Isiqubulo salolu suku lomhlaba sithi: **“Izenzo zethu, ikusasa lethu: Umhlaba ongendlala ngo 2030 ungafezekiswa”**. Lo mkhankaso uhlose ukuqwashisa umhlaba wonke uphinde unxuse ukuba umhlaba uphonse esivivaneni ukuze kubhekane nesimo salabo ababhuqwa yindlala nabadinga ukuba nokudla okwanele.

NjengomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ngokubambisana nomNyango wezeNhlalakahle yoMphakathi sinqume ukuba siyihlanganise lemigubho ngenhloso yokuzokhulumisana nemiphakathi empofu siphinde sizolungisa izingqinamba ezimayelana nentuthuko yemiphakathi yasemakhaya, ukwandiswa komthamo wokudla, ukulwisana nobuphophu, indlala kanye nokungondleki. Abesifazane basemakhaya badlala indima ebalulekile ekuqinisekiseni ukuthi imizi yabo ihlala imile, bathuthukisa izinga lempilo ezindaweni zasemakhaya kanye nokuthi lemiphakathi ihlale iyimiqemane.

Yize-ke iNingizimu Afrika ithathwa njengelizwe elinokudla okwanele ngenxa yokuthi ukudla okukhiqizwa yithi njengelizwe kanye nalokho esikuthenga kwamanye amazwe kuba ngumthamo owenele ukusondla sonke; kusenesibalo sabantu abangu 13 million ababhuqwa yindlala, ukungondleki kanti iningi labo ngabesifazane nezingane. Yingakho-ke singumNyango sinqume ukubeka eqhulwini abesifazane, intsha kanye nabaphila nokukhubazeka ngenhloso yokuhlomisa siphinde sibakhe ukuze bakwazi ukuzimela.

Namuhla ekuseni sihambele imisebenzi eyenziwa abalimi abasafufusa, ngikuthakasele ukuthola ukuthi owodwa kuleyo uphethwe ngumlimi wesifazane, uNksz. Madiya, otshala imifino nokunye. Ngomsebenzi wakhe wokutshala, uNksz. Madiya udala amathuba emisebenzi, alekelele ekwandiseni umthamo wokudla kanti umkhiqizo wakhe udayiswa ezimakethe ezahlukeni eHarding namaphethelo.

Siphinde saba nethuba lokuhambela iZamalawu Youth Cooperative, egxile ekufuyeni izinkukhu. Lo msebenzi uphethwe yintsha yakwaMachi. Kuyasigqogquzela thina njengohulumeni uma sibona intsha iziqalela futhi idala amathuba yona mathupha.

Sikuthakasele ukubona ukuthi lemisebenzi esiyihambela ihambelana ngqo nezinhloso zomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya.

INhlangano ezimele engancikile kuhulumeni ebizwa ngokuthi yi-Youth Against Suffering (YAS) ibhalele umNyango icela usizo. Thina sibe sesisiphendula isicelo sayo ngokuthi siyesekele lenhlangano ngokuyitshalisa izithombo zamawolintshi namapetshisi ensimini eyihlektha elilodwa. Le nsimi encane yezihlahla zezithelo izosiza lenhlangano ukuba ikwazi ukuzimela iphinde ilwisane nendlala nobubha. Siphinde savuma ukuba lenhlangano isebenzise amahhovisi ethu ezolimo abesetshenziswa ngumeluleki wezolimo kulendawo. Siyakholwa ukuthi lesi sinqumo sizothuthukisa ubuholi nezokuphatha kule nhlangano siphinde siholele ekutheni amahhovisi ethu asebenziseke ngokuphelele bese kuthi nezisebenzi zayo zisebenze endaweni ephephile.

Ngonyaka odlule, ngenkathi kune-Operation Sukuma Sakhe eyayihlelwe nguNdunankulu, ngahambela sona lesi sigceme KwaMachi nokwathi uma ngixoxisana nomphakathi, ngabona isidingo sokuthi ngiphinde ngibuye ngize lapha.

Into eyodwa engayiqaphela ngenkathi silapha ukuthi imiphakathi eyakhe ngasemingceleni njenga lona wakwaMachi iqhelelene kakhulu nezizinda zomnotho, ngakho-ke kumele ibekwe eqhulwini. Abantu bahamba amabanga amade uma befuna ukuyothenga usakazane wempuphu. Yingakho-ke umNyango uzosebenza phezu kwezinhlelo zokwakha isigayo kule ndawo. Iningi labalimi abasafufusa kulendawo batshala ummbila bese bewudayisela isigayo sabelungu esiseNgeli eHarding. Uma isigayo sesakhiwe KwaMachi, abalimi bazokwazi ukuzimbandakanya kwisigaba esilandelayo sokukhiqiza nokuzoholela ekutheni bakwazi ukuzimela.

Bakwethu, sengiphetha, izimvula zokuqala sezifikile kanti nehlobo selisemnyango, asiphumeni silibhekise amasimini siyohlakula silungiselele isivuno esihle ngonyaka ozayo. Thina njengomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya, sizobuya size lapha kuMkhandlu woMziwabantu, enkundleni yemidlalo yaseMfundeni, eNkungwini sizothula ngokusemthethweni isikhathi sokutshala ngesonto elizayo. Kubo bonke abalimi baKwaZulu Natali sithi, "Phez'komkhono".

Ngiyabonga.